


UMongameli u-Jacob Zuma wethula iNkulumo Echaza Isimo Sezwe (i-SoNA) ePhalamende, eKapa, ngoLwesine mhla ziyi-12 Nhlolanja 2015.

***"Unyaka wezi-2015 nguNyaka Womqulu Wenkululeko kanye Nokusebenza Ngokubambisana Ngenhloso Yokuqhubekisela Phambili Inkululeko Yezomnotho. Lona ngunyaka wokuthi kufakwe umfutho omkhulu kakhulu kunakuqala ekwakheni iNingizimu Afrika ebumbene, ebuswa ngentando yeningi, engacwasi ngokobuhlanga futhi echumile. Futhi ngunyaka wokuthi sizinikele kabusha ekuqedeni ukucwasana ezweni lethu kanye nakho konke ukungabekezelelani okuhlobene nalokho. Futhi ngunyaka wokuthi senze umzamo omkhulu kunakuqala ukulungiselela ikusasa lethu ngokuthi sifundise izingane zethu kanye nentsha ngamagugu anothile aleli lizwe," kusho uMongameli u-Jacob Zuma, kwiNkulumo Echaza Isimo Sezwe, mhla ziyi-12 Nhlolanja 2015.***

UMongameli wethula uhlelo olunamaphuzu ayisishiyagalolunye okuhloswe ngalo ukokhela inhlansi yokukhuthaza ukukhula komnotho kanye nokuvulwa kwamathuba omsebenzi:

1. Ukuxazululwa kwenselele yamandla kagesi.
2. Ukuvuselelwa nokukhuthazwa kwezolimo kanye nochungechunge lomsebenzi wokulungiswa kwemikhiqizo yezolimo.
3. Ukuqhubekisela phambili ukuhlomuliswa kwabantu bakuleli emnothweni wezimbiwa zethu.
4. Ukuqaliswa ngendlela engcono koHlelo Lokusebenza Lwenqubomgomo Yezezimboni oluzoba nomthelela omkhulu kunakuqala.
5. Ukugqugquzelwa kwabatshalizimali abazimele.
6. Ukulawulwa nokuncishiswa kokungqubuzana phakathi kwabasebenzi nabaqashi.
7. Ukusekelwa kwamabhizinisi asafufusa (ama-SMME), imifelandawonye kanye namabhizinisi asemalokishini nasezindaweni zasemakhaya ukuze akwazi ukusebenza ngendlela esimeme.
8. Izinguquko zombuso kanye nokufaka umfutho kwiqhaza lezinkampani zombuso, ingqalasizinda yolwazi lwezobuchwepheshe kwezokuxhumana, ukuhlinzekwa kwe-inthanethi, amanzi, ukuthuthwa kwendle nengqalasizinda yezokuthutha.
9. Uhlelo lwe-*Operation Phakisa* okuhloswe ngalo ukukhulisa umnotho wasolwandle neminye imikhakha.

## IMISEBENZI

UPhiko Lwezezibalo lwaseNingizimu Afrika lukhiphe izibalo zabantu abasebenzayo kuleli zekota yokugcina yowezi-2014 ezibonise ukuthi kunabantu abayizigidi ezingu-15,3 abasebenzayo eNingizimu Afrika. Amathuba omsebenzi akhule ngezi-203 000.

Ukutshala izimali ekuvulweni kwamathuba omsebenzi aqondene nentsha nakho sekuthela izithelo ezinhle. Siqhubeka kahle kakhulu iSikhuthazo Sentela Sokuqashwa Kwentsha, esethulwa ngowezi-2014, esenzelwe

ikakhulu ukuhlomulisa intsha. Sekufakwe izicelo zalesi saphulelo sentela zenani elifinyelela kwizigidigidi ezimbili zamaRandi ezivela kubaqashi abayizi-29 000, abafake izicelo eziphathelene nokuqashwa kwabantu abasha abangengaphansi kuka-270 000.

Kuze kube manje uhulumeni usevule amathuba omsebenzi ayizi-850 000, njengoba enomgomo wamathuba omsebenzi ayizigidi eziyisithupha eminyakeni emihlanu. Uhulumeni uzokwazi ukufezekisa umgomo wokuvula amathuba omsebenzi ayisigidi ngonyaka.

Izinhlelo zezemvelo njengeSisebenza Ngemfucuza, Sisebenza Ngezindawo Ezingamaxhaphozi, Sisebenza Ngamanzi kanye neSisebenza Ngomlilo sezivule amathuba omsebenzi angaphezu kuka-30 000 futhi kuhloswe ukuthi kuvulwe amathuba angaphezu kuka-60 000 ngonyaka wezimali olandelayo.

## AMANDLA KAGESI

Uhulumeni wenza konke okusemandleni akhe ukuxazulula inselele yamandla kagesi futhi abhekane nenkinga yokuncipha kukagesi ezweni.

Uhulumeni usethuthukise uhlelo olubandakanya izinhlelo zokungenelela zesikhathi esifushane, esimaphakathi neside.

Uhlelo lwesikhashi esifushane nesimaphakathi lubandakanya lokhu:

- ukuphuculwa kokulungiswa kweziteshi eziphehla ugesi zakwa-Eskom ukuze zihlale zisesimweni esikahle
- ukwenziwa ngcono kwekhono namandla okuphehla ugesi
- ukulawulwa kahle kwesidingo sokuphakelwa kukagesi.



Uhlelo lwesikhathi eside lubandakanya ukuphothulwa kohlelo olukhulukazi lwesikhathi eside lokuqinisekisa ukutholakala kwamandla kagesi anele. Kuzosimamiswa izimali zakwa-Eskom ukuze le nkampani ikwazi ukulawula lesi simo esikhona njengamanje. Uhulumeni uzosigcina isibopho sakhe sokunikeza inkampani yakwa-Eskom imali eyizigidigidi ezingama-R23 kulo nyaka wezimali ozayo.

"Ithimba Lokuhlela Nokwenza Amasu" elisungulwe yiKhabhinethi ngoZibandlela 2014 lisebenza ngobuhlakani ubusuku nemini ngokubambisana nabakwa-Eskom ngenhloso yokuletha uzinzo ohlelweni lokuphakelwa kukagesi futhi ukuze kuncishiswe ukucinywa kukagesi ngenhloso yokuwonga.

### IMITHOMBO YOKUHLINZEKA NGAMANDLA EHLUKILE

Ngenxa yentengo kadizili emba eqolo, abakwa-Eskom sebeyalelwe ukuthi basebenzise igesi esikhundleni sikadizili njengomthombo wokuhlinzeka ngamandla iziphehlamandla zale nkampani.

Abantu emakhaya nabo bayakhuthazwa ukuthi basebenzise igesi esikhundleni sokusebenzisa ugesi uma bepheka, befudumeza noma benza okunye okuningi. Ukwakhiwa kweziteshi zikagesi ezintathu ezintsha – okuyi-Kusile, i-Medupi ne-Ingula – kuzokwengeza ugesi ongamamegawathi (MW) ayizi-10 000 kwisikhungo sikagesi sikazwelonke.



NIFW booklet- A5 - IsiZulu.indd 3 2015/03/16 3:42 PM

Kuze kube manje uhulumeni usethenge ugesi ongamamegawathi ayizi-4 000 kubaKhiqizi Bakagesi Abazimele, abasebenzisa imithombo kagesi ovuselelekayo. Amahlandla amathathu okuqala enqubo yokuthengwa kukagesi ovuselelekayo ahehe imali engaphezu kwezigidigidi eziyi-R140 evela kubatshalizimali abazimele.

Sekuthengwe ugesi ovuselelekayo ongamamegawathi ayizi-3 900, futhi mayelana nalokhu sekuphothulwe imiklamo engama-32 ephehla ugesi ongamamegawathi angaphezu kwe-1 500, futhi le miklamo seyixhunyanisiwe nesikhungo sikagesi kazwelonke. Abakwa-Eskom nabo sebekuphothulile ukwakhiwa kwePulazi Likagesi Womoya lase-Sere, eseliqalile ukufaka ugesi ongamamegawathi ayi-100 kwisikhungo sikagesi sikazwelonke.

NgoZibandlela wezi-2014 uhulumeni uqalise futhi nohlelo lokuthengwa kukagesi wamalahle ongamamegawathi ayizi-2 400 kubaKhiqizi Bakagesi Abazimele. Inqubo yokuthengwa kukagesi omusha ophehlwa ngegesi ongamamegawathi ayizi-2 400 izoqaliswa ngekota yokuqala yonyaka wezimali omusha.

Ugesi ongamamegawathi ayizi-2 600 uzothengwa kwisifunda seNhlangano Yothuthukiswa Kwamazwe aseNingizimu ne-Afrika.

## IMITHOMBO KAGESI OXUBILE

Mayelana nohlelo olukhulukazi lwesikhathi eside lokuqinisekisa ukutholakala kwamandla kagesi, uhulumeni uzosebenzisa ezinye izindlela zokuphehla ugesi ezinjengegesi, uphethiloli, inonzi, ugesi wamanzi kanye neminye imithombo njengengxenye yokusebenzisa imithombo kagesi oxubile.

UHulumeni futhi ucubungula udaba lokwakhiwa kwezikhungo zenonzi ezizophehla ugesi ongamamegawathi ayizi-9 600 njengoba lokhu kwamukeliwe oHlelweni Lwemithombo Edidiyelwe lowezi-2010-2030. Uhulumeni usesayine izivumelwano nohulumeni bamazwe angaphandle futhi wabamba nezigcawu zemibukiso yabahwebi. IMelika, i-South Korea, i-Russia, i-France kanye ne-China ethula iziphakamiso zawo mayelana nenonzi.

Wonke la mazwe azoba yingxenye yohlelo lokufakwa kwamathenda olungachemile, olusobala, futhi oluvumela ukuncintisana, ngenkathi kukhethwa izwe noma amazwe okuzobanjiswana nawo ohlelweni lokwakhiwa kwezikhungo zenonzi. Injongo kahulumeni ukuxhuma iyunithi yokuqala kwisikhungo sikagesi sikazwelonke ngowezi-2023, okuyisikhathi esihle kakhulu ngoba lesi yisikhathi lapho abakwa-Eskom bezoyeka khona ukusebenzisa ezinye izikhungo zokuphehla ugesi esezindala kakhulu.

Mayelana nogesi wamanzi, ubambiswano oluphakathi komklamo wokuphehla ugesi wamanzi, i-*Grand Inga Hydro-electrical Project* kanye ne-Democratic Republic of Congo luzohlinzeka ngogesi wamanzi ohlanzekile ongamamegawathi angaphezu kwezi-15 000. INingizimu Afrika izothola ugesi ongamamegawathi angaphezu kuka-15 000.

## UKUSEKELWA KOMASIPALA

Uhulumeni usehlinzeke ngezimali zokuphakela ugesi komasipala abalandelayo ngonyaka wezimali wezi-2015/16:

- UMasipala Wesifunda Amathole, uMasipala Wesifunda i-Alfred Nzo, uMasipala Wesifunda i-O.R. Tambo, uMasipala Wendawo iLukhanji eMpumalanga Kapa, kanye noMasipala Wesifunda Umzinyathi Kwa-Zulu-Natali.
- Kusenemizi eyizigidi ezingu-3,4 kuleli lizwe engenawo ugesi.





NIFW booklet- A5 - IsiZulu.indd 4 2015/03/16 3:42 PM

# IZINGUQUKO KWEZOMHLABA

Ezweni lonkana sekufakwe izicelo zokubuyiselwa umhlaba ezingaphezu kwezi-36 000 kusukela uhulumeni avula ithuba lesibili lokufakwa kwezicelo zokubuyiselwa umhlaba ngowezi-2014. Ukufakwa kwezicelo kuzovalwa ngowezi-2019.

Uhulumeni ucubungula nohlaka lwenqubomgomo ka-50/50, oluhlongoza ukuthi abantu abahlala futhi basebenze emapulazini banikezwe amalungelo omhlaba. Kuzohlonzwa amapulazi angama-50 azosetshenziswa njengomklamo wokulinga. Ngokwemithetho emisha ehlongozwayo, umkhawulo ophezulu wobunikazi bomhlaba uzoba ngamahekthare ayizi-12 000.

Abantu bakwamanye amazwe ngeke bavunyelwe ukuba babe nomhlaba okungowabo eNingizimu Afrika kodwa bazovunyelwa ukuba benze isivumelwano sesikhathi eside sokuqasha umhlaba.

UMthethosivivinywa Wokulawulwa Kobunikazi Bomhlaba uzothulwa ePhalamende kulo nyaka. Ngokusebenzisa uHlelo Lwezinguquko Kwezomhlaba, umhlaba ongaphezu kwamahekthare ayizi-90 000 sewabelwe abalimi abancane, abahlali basemapulazini kanye nabasebenzi basemapulazini abayiziqashi.

Iyaqhubeka inqubo yokusungulwa kweHhovisi Lomlinganisi Omkhulu Wamanani Omhlaba, elisungulwe ngokoMthetho Wezilinganiso Zamanani Omhlaba Wezi-2014. Uma usuqalile ukusebenza lo mthetho uzophelisa ukuthembela ohlelweni lokuThengiselana Umhlaba Ngokuvumelana Phakathi Komthengi Nomthengisi mayelana ngokuthengwa komhlaba nguMbuso.

# EZOLIMO



Ezolimo ziyinto eyokhela inhlansi yokukhula komnotho kanye nokutholakala kokudla okwanele. Uhulumeni usebenzisana nomkhakha ozimele ukuthuthukisa uHlelo Lokusebenza Kwenqubomgomo Yezolimo oluzokwenza ukuthi kule minyaka emithathu ezayo usetshenziswe ngokuphelele umhlaba ongamahekthare ayisigidi esisodwa ongasetshenziswa kahle njengamanje.

Uhulumeni uzogqugquzela ukusungulwa kwamapaki ezolimo noma imifelandawonye kanye namaqoqwana ezolimo kumasipala wesifunda ngamunye komasipala abangama-27 abahlwempu kakhulu ngenhloso yokuletha ushintsho emnothweni wezindawo zasemakhaya.

Sekubekwe eceleni isamba sokuqala esiyizigidigidi zamaRandi ezimbili esizosetshenziswa ohleni lwamapaki ezolimo. Uhulumeni uzophucula nokuthunyelwa kwemikhiqizo yezolimo kwamanye amazwe, osekukhombise ukukhula ngesivinini esikhulu, ikakhulu imikhiqizo ethunyelwa ezimakethe ezintsha kwelase-Afrika nase-China. Ukwenza nje isibonelo, sekuphothulwe izivumelwano zokuhwebelana kwezolimo eziphathelene nokuthunyelwa kommbila nama-aphula aseNingizimu Afrika kwelase-China.

Ukuthunyelwa kwama-aphula phesheya kulindeleke ukuthi kungenise imali yakwamanye amazwe eyizigidi ezingama-R500 kule minyaka emithathu ezayo.

### ABALIMI ABASAFUFUSA KANYE NABALIMI ABANCANE

KuMasipala Wesifunda sase-Vhembe e-Musina, uHulumeni waseLimpopo usexhase iQoqwana Lezolimo lase-Nwanedi elakhiwe ngabalimi abangama-300 abatshale imifino emhlabeni ongaphezudlwana nje kancane kwamahekthare ayi-1 300 ngenhloso yokuthengisa. Leli Qoqwana Lezolimo selivule amathuba omsebenzi angaphezu kwezi-2 500 njengoba phela ukulinywa kwemifino kudinga abasebenzi abaningi.

## UMKHAKHA WEZOKUKHIQIZA

Uhlelo Lokutshalwa Kwezimali Emkhakheni Wokwakhiwa Kwezimoto selungenise imali evela kubatshalizimali abazimele eyizigidigidi ezingama-R24,5 futhi lwakhiqiza izimoto kanye nezingxenye zezimoto ezithunyelwa emazweni angaphandle zenani eliyizigidigidi eziyi-R103 ngowezi-2013.




INingizimu Afrika seyakhe umkhakha wokwakhiwa kwezimoto osezingeni lomhlaba kwizwekazi lase-Afrika othumela izimoto nezingxenye zezimoto emazweni angaphezu kwe-152. Umkhakha wemboni yesikhumba nezicathulo nawo ukhulile njengoba manje sewukwazi ukukhiqiza izicathulo eziyizigidi ezingama-60, futhi impahla ethunyelwa ngaphandle ikhule ngama-18% okwenze umehluko ohwebweni lwempahla ethunyelwa phesheya kanye nempahla engena kuleli.

Uhulumeni utshale imali engaphezu kwezigidigidi ezingu-R2,8 kwizinkampani ezikulo mkhakha, ngokusebenzisa uHlelo Lokuphucula Ukuncintisana Kwezokukhiqiza. Kanti-ke abakhiqizi bona sebefake imali evela kubatshalizimali abazimele engaphezu kwezigidigidi eziyi-R12,4.

## EZEZIMAYINI

Ukuqaliswa kwezinhlelo eziningana ngaphansi koHlaka Lwesivumelwano Sokuqinisekisa Imboni Yezezimayini Esimeme sekwenze ukuthi kube nozinzo kanye nomoya wethemba emkhakheni wezezimayini, okuwumkhakha ongumgogodla womnotho wethu.

Sekusungulwe iziThangamu Zokulwisana Nobugebengu Basezimayini esifundazweni saseNyakatho Ntshonalanga, eLimpopo, eFreyistata, eMpumalanga kanye naseGauteng. UHulumeni uzoqalisa ukusebenza



NIFW booklet- A5 - IsiZulu.indd 6 2015/03/16 3:42 PM

kwezivumelwano okufinyelelwe kuzona nabamaBhizinisi kanye naBasebenzi, kubandakanya nokucutshungulwa kodaba lomkhawulo oyisisekelo wamaholo kuzwelonke.

## UKUVUSELELA AMADOLOBHA AKHELENE NEZIMAYINI

Sekubekwe eceleni isamba semali eyizigidigidi ezingu-R2,1 ukuze kuvuselelwe amadolobha aseduze nezimayini, futhi sekwamukelwe isabelo semali eyizigidi ezingama-R290 yokuVuselela Nokulungisa Izindawo Eziyimijondolo eMpumalanga, eNyakatho Ntshonalanga, eGauteng, eNyakatho Kapa, eLimpopo kanye naseFreyistata.

Kunezindawo eziyimijondolo eziyi-133 ezihlolwayo njengamanje noma okwenziwa amalungiselelo okuthi zivuselelwe futhi zilungiswe ngokusebenzisa uHlelo Lukazwelonke Lokuhlinzeka Ngosizo Lokuvuselelwa Nokulungiswa Kwezindawo. Kunezindawo zokuhlaliswa kwabantu ezingama-32 ezivuselelwayo futhi kunemiklamo yezindlu engama-87 esiqalisiwe kuwo wonke amadolobha akhelene nezimayini abekwe eqhulwini.

UHulumeni, umkhakha wezezimayini kanye neNhlangano Yezamabhange ENingizimu Afrika basayine iSivumelwano Somphakathi esiphathelene nokuthuthukiswa kwezindawo zokuhlaliswa kwabantu ezisimeme.

UHulumeni uyaqhubeka futhi nokuhlinzeka imiphakathi yasezimayini ngezibonelelo zikahulumeni. Olunye usizo oluhlinzekwayo lubandakanya ulwazi lomsebenzi oluphathelene neziNhlelo Zentuthuko Edidiyelwe kanye nokuthuthukiswa kweziZinda Zezomnotho Ezikhethekile.

Amadolobha akhelene nezimayini ayalekelelwa futhi ngokuqaliswa kohlelo lokuhlinzekwa kwezidingongqangi zikamasipala olubizwa ngokuthi uhlelo “Lokubuyela Emasisweni.” UHulumeni ubuyekeza futhi nendlela izinkampani zezimayini ezithobela ngayo imigomo yoMqulu Wezezimayini wezi-2014.

UHulumeni useqinisekisile ukuthi kunokuhambelana kwizicelo zamalungelo ezimayini nezamanzi kanye nokuhlolwa komthelela wokukhahlamezeka kwemvelo futhi sekubekwe umkhawulo wesikhathi esiyizinsuku ezingama-300 wokukhishwa kwazo zonke lezi zimvume.

UHulumeni uzosungula futhi neSikhungo Esisodwa Esibandakanya Iminyango Kahulumeni Ehlukahlukene esizokwamukela izikhalazo kanye nezinkinga ezibikwe ngabatshalizimali bese sithatha izinyathelo ezifanelekile.

## EZABASEBENZI

UMnyango Wezabasebenzi uzobuyekeza imigomo nemibandela yokuqashwa kwabasebenzi emkhakheni wezolimo, ezamahlathi, onogada ezinkampanini ezizimele kanye nezitolo ezithengisa impahla. Kuzophothulwa noMthetho Wezokuqashwa Kwabasebenzi wezi-2014 ozosungula ngokusemthethweni umkhakha wezokuqashwa kwabantu.

Futhi lo mthetho uzolawula ngokusemthethweni izindlela zokusebenza ezisetshenziswa yizikhungo zangasese ezifunela abantu umsebenzi kanye nezikhungo ezifunela abantu umsebenzi wetoho ukuze kuvinjelwe ukuxhashazwa kwabantu abathungatha umsebenzi namatoho abangaboni ukuthi bayaxhashazwa.

Ngaphezu kwalokho, uMthetho Womshwalense Wabantu Abaphelelwe Ngumsebenzi Wezi-2001 uzochitshiyelwa ngenhloso yokuphucula imihlomulo etholwa ngabantu abaphelelwe ngumsebenzi futhi ukuze ubandakanye nabasebenzi bakahulumeni kwindlela okusetshenziswa ngayo lo Mthetho.

## AMABHIZINISI AMANCANE

UHulumeni uzobeka umkhawulo wama-30% mayelana nokuthengwa kwemikhakha ethile yempahla yoMbuso kwizinkampani ezisafufusa, imifelandawonye kanye namabhizinisi asemalokishini nawasezindaweni zasemakhaya.



NIFW booklet- A5 - IsiZulu.indd 7 2015/03/16 3:42 PM

## UKUGQUGQUZELWA KWAMABHIZINISI ENTSHA

UHulumeni uzoqhubeka nokugqugquzela amathuba entsha. Ngonyaka wezimali odlule iNhlangano Kazwelonke Yokuthuthukiswa Kwentsha (i-NYDA) ikhiphe imali eyizigidi zamaRandi ezingama-25 eyabelwe amabhizinisi amancane entsha angama-765 ezweni lonkana.

I-NYDA isibambisene neNkampani Yokuthuthukiswa Kwezimboni (i-IDC) kanye noPhiko Lokuxhaswa Ngezimali Kwamabhizinisi Amancane ukuze kusungulwe isikhwama sokuxhasa abantu abasha ngemali eyizigidigidi ezingu-R2,7.

# INGQALASIZINDA

Uhlelo lukaZwelonke Lokuthuthukiswa Kwengqalasizinda luyaqhubeka nokuba uhlelo olusemqoka kakhulu ekuvulweni kwamathuba omsebenzi futhi ludlala indima ebalulekile ekukhulisweni komnotho.

Amanzi awumthombo obaluleke kakhulu ekukhulisweni komnotho kanye nokuletha impilo engcono. Kunemiklamo eminingana okuhloswe ngayo ukuhlinzeka izimboni namakhaya ngamanzi asesigabeni sokuqaliswa noma sokuhlela ezweni lonkana.

Imiklamo emikhulu ibandakanya uMklamo Wamanzi Womfula Umzimvubu eMpumalanga Kapa, iDamu laseJozini kumasipala waseMkhanyakude KwaZulu-Natali nemiklamo ese-Bushbuckridge eMpumalanga kanye neSigaba Sokuqala somklamo wokukhuliswa kokutholakala kwamanzi obizwa nge-Mokolo Crocodile Water *Augmentation* eLimpopo.

Ikhona inqubekela phambili eseyenziwe ekuphuculeni ukuphakelwa kwamanzi ezindaweni ebezikhahlanyezwe ukushoda kwamanzi, njengoMasipala Wesifunda i-Makana eMpumalanga Kapa, uMasipala Wesifunda i-Ngaka Modiri Molema eNyakatho Ntshonalanga kanye naseGiyani e-Limpopo, lapho ngoNcwaba wezi-2014 amanzi aphakelwa ezindaweni zasemakhaya ezingama-55.

## UHLELO LWE-INTHANETHI ESHESHAYO

Unyaka wezi-2015 uqopha ukuqaliswa kwesigaba sokuqala sokuhlinzekwa kohlelo lwe-inthanethi esheshayo. Uhulumeni uzoxhuma amahhovisi omasipala besifunda abayisishiyagalombili. Labo masipala yi-Dr. Kenneth Kaunda eNyakatho Ntshonalanga, i-Gert Sibande eMpumalanga, i-O.R. Tambo eMpumalanga Kapa, i-Pixley ka Seme eNyakatho Kapa, i-Thabo Mofutsanyane eFreyistata, Umgungundlovu noMzinyathi KwaZulu-Natali, kanye ne-Vhembe eLimpopo.

Uhulumeni useqoke abakwa-Telkom njengophiko oluzohola umsebenzi wokuhlinzekwa kwe-inthanethi esheshayo.

## UKONGA AMANZI

Uhulumeni usenxuse bonke abantu bakuleli ukuba bonge amanzi. Lelo nalelo consi lamanzi libalulekile. Izwe lilahlekelwa yizigidigidi zamaRandi eziyisikhombisa ngenxa yamanzi avuzayo. UMnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle uzoqeqesha abasebenzi abayizingcweti zokulungisa amapayipi noma opulamba abayizi-15 000 abazolungisa ompompi abavuzayo emiphakathini abahlala kuyona.

## INGQALASIZINDA YOMGWAQO

UMnyango Wezokuthutha uzosebenzisa imali elinganiselwa kwizigidigidi zamaRandi eziyisishiyagalolunye kwiSibonelelo Sezifundazwe Sokulungisa Imigwaqo noma oHlelweni lweSihamba Sonke. Uzophinde usebenzise izigidigidi zamaRandi eziyi-11 ukuphucula kanye nokulungisa imigwaqo engakhokhelwa intela yokusebenzisa umgwaqo.


NIFW booklet- A5 - IsiZulu.indd 8 2015/03/16 3:42 PM

Kulo nyaka wezimali kuzosetshenziswa imali engaphezu kwezigidigidi zamaRandi eziyisithupha emadolobheni ayi-13, emsebenzini wokuhlela nokwakha kanye nokuqhuba umsebenzi wamanethiwekhi ezokuthuthwa komphakathi adidiyelwe.




## INGQALASIZINDA YEZIKOLE

Uhulumeni uzoqhubeka nokuphucula ingqalasizinda ezikoleni nasezikhungweni zemfundo ephakeme ukuze akhe isimo esikulungele ukufunda nokufundisa.

Ngokusebenzisa uHlelo Lokusheshiswa Kokuhlinzekwa Kwengqalasizinda Yezikole oluyingxenye yoHlelo Lwengqalasizinda Kazwelonke, kuze kube manje sekuphothulwe ukwakhiwa kwezikole ezingama-92 futhi ziyi-108 ezakhiwayo.

Kunezikole ezingama-342 ezihlinzekwe ngamanzi okokuqala ngqa, zingama-351 ezihlinzekwe ngengqalasizinda yokuthuthwa kwendle esezingeni elifanele, kanti ezingama-288 zifakelwe ugesi. UHulumeni usehlonze izizinda eziyi-16 okuzokwakhiwa kuzona amaKolishi amasha Okufundela Umsebenzi Wobuchwepheshe Bezandla Nokuqeqesha ayi-12 kanye nokuvuselelwa nokulungiswa kwamakolishi akhona njengamanje amabili.

Uyaqhubeka futhi umsebenzi wokusungula amanyuvesi amathathu amasha ceke, i-Sol Plaatjie eNyakatho Kapa, iNyuvesi yaseMpumalanga kanye neNyuvesi i-Sefako Makgatho Allied and Health Sciences e-Gauteng.

# UKUHLINZEKWA KWABANTU NGEZINDLU

UHulumeni uyaqhubeka nokuhlinzeka abantu ngezindlu. Mhla zingama-30 kuMandulo 2014, bese kuhlinzekwe ngezindlu ezingaphezu kwezi-50 000 emkhakheni wezezindlu zomxhaso kanye nowezindlu ezingambi eqolo. UHulumeni uzohlinzeka futhi ngezindlu eziyizi-5 000 kwizigagayi zempi. Uzokwenza nemizamo yokuqeda ukusalela emuva kokukhishwa kwamatayitela ezindlu ezakhiwa ngaphambi kowe-1994 kanye nalezo ezakhiwa emva kowe-1994.

## UHLELO LWE-*OPERATION PHAKISA*

UHulumeni wethula izinhlelo ezinohlonze zokuqalisa uHlelo Lokuthuthukiswa Kwezwe (i-NDP). Uhlelo lwe-*Operation Phakisa* yindlela yokuhlela nokuqaliswa kwezinhlelo esekelwe phezu kwemiphumela ephathekayo. I-*Operation Phakisa* kwezomnotho wasolwandle kuhloswe ngayo ukuvula amathuba emikhakheni yokuthutha ngemikhumbi, ezokudoba, ukufuywa kwezinhlanzi, ezezimbiwa, uwoyela negesi, ubuchwepheshe bezinto eziphilayo kanye nowezokuvakasha.

Uhulumeni usebekele eceleni imali eyizigidigidi eziyi-R9,2 ezotshalwa emsebenzini wokucingwa kwegesi kanye nowoyela echwebeni lase-Saldanha njengengxenye yohlelo lwe-*Operation Phakisa*. I-*Operation Phakisa* oHlelweni Lokukhuliswa Kwesibalo Semitholampilo Esezingeni Elifanelekile kuhloswe ngayo ukugqugquzela ukusebenza kahle kwemitholampilo nokuqinisekisa ukuthi iziguli zihlinzekwa ngosizo olusezingeni eliphezulu.

UHulumeni manje usezosebenzisa lolu hlelo lwe-*Operation Phakisa* nasemkhakheni wezezimayini ngenhloso yokuthuthukisa izindlela zokusebenza ezizohlomulisa wonke umuntu othintekayo kwizimbiwa zethu.

## EZEMPILO

Kule minyaka emihlanu edlule, uHulumeni ube nempumelelo ephawulekayo kwezempilo. Kulo nyaka, uhulumeni uzokwethula uhlelo olukhulukazi lokulwisana neSifo Sofuba (i-TB), oluzogxila kakhulu emiphakathini emithathu, iziboshwa ezigcinwe eZikhungweni Zokuhlunyeleliswa Kwezimilo, abavukuzi kanye nemiphakathi yasemadolobheni akhelene nezimayini.

Ukuze kulwisanwe nengculazi negciwane layo, sekusungulwe inkampani yamakhambi nemithi okungekahulumeni, i-Ketlaphela, futhi le nkampani izobamba iqhaza ekuhlinzekweni koMnyango Wezempilo ngemishanguzo yokudambisa ingculazi.

### USUKU LOKUNYAKAZISA UMZIMBA UKUZE UHLALE UNGUMQEMANE

Mhla ziyi-10 kuNhlaba, iNingizimu Afrika izogubha uSuku Lokunyakazisa Umzimba Ukuze Uhlale Ungumqemane, okuwumcimbi wamazwe ngamazwe ogqugquzelwa yiNhlangano Yezempilo Emhlabeni. Lolu suku futhi luqondene nolomgubho wokugcotshwa kukaMongameli waphambilini u-Nelson Mandela, owayenguMongameli waseNingizimu Afrika wokuqala okhethwe ngentando yeningi ngowe-1994.

## UKULWISANA NOBUGEBENGU NENKOHLAKALO

Ikhona inqubekelaphambili eseyenziwe empini yokulwisana nobugebengu obuqondiswe kwabesifazane nezingane. Uphiko loMbutho Wamaphoyisa aseNingizimu Afrika (i-SAPS) Lwezodlame Lomndeni, Ukuvikelwa Kwezingane kanye Nokuphenya Amacala Ezocansi lukwazile ukuthola izigwebo zodilika-jele ezingama-659 ezinikezwe abenzi bobugebengu obuqondiswe kwabesifazane nezingane.

Nakuba uMbuso wentando yeningi ulihlonipha ilungelo lomphakathi lokubhikisha, uMongameli enkulumweni yakhe wanxusa ukuba le mibhikisho yenzeke ngaphansi kwesimo sokuhlonishwa komthetho futhi ibanjwe ngokuthula noxolo njengoba kushiwo kuMthethosisekelo.

Amaphoyisa akwazile ukulawula ngempumelelo izigameko zokubhikisha komphakathi eziyizi-13 575, ezibandakanya izigameko ezihambisana nothuthuva eziyi-1 907 kanye neziyi-11 668 zokubhikisha ngokuthula.

### INKOHLAKALO

IKomiti LoNgqongqoshe Beminyango Ehlukahlukene Lokulwisana Nenkohlakalo liyaqhubeka nokuqinisa impi yokulwisana nenkohlakalo.

UHulumeni usesungule izikhungo zokulwisana nenkohlakalo eziyisikhombisa futhi waphasisa nemithetho eyi-17 okuhloswe ngayo ukulwisana nenkohlakalo.

Ngonyaka wezimali wezi-2013/14, bangama-52 abantu abalahlwa ngamacala enkohlaka-abandakanya imali engaphezu kwezigidi zamaRandi ezihlanu.

Ngekota yokuqala yowezi-2014/15, bangama-31 abasebenzi bakahulumeni abalahlwa ngamacala enkohlakalo futhi kwatholwa imiyalelo yokubanjwa kwempahla yenani eliyizigidi ezingama-R430.

Ngenhloso yokuvimbela inkohlakalo kanye nokugqugquzela inkambiso enhle kwezokuphatha, uMongameli Zuma wasayina uMthetho Wokuphathwa Nokulawulwa Komkhakha Wezemisebenzi Kahulumeni Wezi-2014, phakathi kokunye ovimbela abasebenzi bakahulumeni ekwenzeni ibhizinisi noMbuso.

### UKUZINGELWA NGOKUNGEMTHETHO KOBHEJANE

IKhabhinethi seyiqalise ukusebenza kwezinhlelo zokungenelela ezinohlonze futhi ezididiyelwe zokulwisana nesihluku sokuzingelwa ngokungemthetho kobhejane kuleli. Lezi zinhlelo zokungenelela zibandakanya imikhankaso eyenziwa ngokubambisana namazwe esakhelene nawo, ukuphuculwa kokuqoqwa kolwazi oluyimfihlo oluphathelene nezenzo zokuzingelwa ngokungemthetho kobhejane kanye nokuphuculwa kwezokuvikeleka emapaki kanye naseziqiwini zezifundazwe okufuywe kuzona obhejane.

### UKULAWULWA KWEMINGCELE KANYE NOMAZISI OYIKHADI OMUSHA

UHulumeni usenze inqubekelaphambili enkulu ekusungulweni kweNhlangano Ephethe Imingcele, ezolawula wonke amasango okungena kuleli futhi iphucule nezokuvikeleka.

Ngenhloso yokuphucula ukuhlinzekwa komazisi, kusukela ngalo nyaka, izakhamuzi sezizokwazi ukufaka izicelo zoMazisi Oyikhadi omusha, emabhange asezindaweni zangakubo ngenxa yobambiswano oluphakathi koMnyango Wezasekhaya kanye namabhange athile akuleli.

## UKWAKHIWA KOMBUSO OKHULAYO NOKWAZI UKUFEZA IZIDINGO ZABANTU

Kwi-SoNA yowezi-2014, uMongameli Zuma wathi uhulumeni uzoqhubeka nokuthuthukisa kanye nokuphucula izimpilo zabantu abakhubazekile. NgoZibandlela wezi-2014, iKhabhinethi yakhipha uhlaka lweNqubomgomo Kazwelonke Yamalungelo Abantu Abakhubazekile ukuze umphakathi uphawule ngayo.

### MAZIBUYELE EMASISWENI

UHulumeni wethula uhlelo oluthi "Mazibuyele Emasisweni" ngenhloso yokugqugquzela ukuphatha nokulawula ngendlela efanele ngokuthi kuqedwe ukusaphaza, kusetshenziswe izimali zikahulumeni ngokucophelela, kuqashwe abasebenzi abanekhono lomsebenzi futhi kuqinisekiswe ukusebenza ngendlela esobala kanye nokuphendula ngendlela efanele komasipala.

IKhabhinethi ilwamukele uHlaka Oludidiyelwe Lokuthuthukiswa Kwezindawo Ezisemadolobheni olwamenyezelwa kwi-SoNA yangoNhlangulana 2014.

## I-AFRIKA ENGCONO NOMHLABA ONGCONO

Ngenhloso yokufaka isandla ekwakhiweni kwe-Afrika engcono, iNingizimu Afrika iqhubekile nokusekela izinhlelo zokuqinisekisa ukuthula nokuvikeleka kanye nokudidiyelwa komnotho wezifunda zaleli zwekazi. Sekuqalile ukusebenza koMbutho wokuQinisekisa Ukuthi Izwekazi lase-Afrika Liyakwazi Ukuphendula Ngokushesha Uma Kubheduka Izinxushunxushu (i-ACIRC) futhi iNingizimu Afrika ifaka isandla kulo mbutho futhi ingelinye lamazwe anga-basunguli bawo.

UMbutho Wezokuvikela WaseNingizimu Afrika (i-SANDF) kanye ne-SAPS bayaqhubeka nokubamba iqhaza ezinhlelweni zokuvimbela udweshu kanye nokugcina uxolo kuleli zwekazi. INingizimu Afrika iyaqhubeka futhi nokusekela imizamo yokuxazulula udweshu kwelaseLesotho, e-Sri Lanka nase-South Sudan, eholwa yiPhini likaMongameli u-Cyril Ramaphosa.

Ubambiswano lwezomnotho oluphakathi kwezwe lethu namazwe e-BRICS okuyi-Brazil, i-Russia, elaseNdiya, i-China neNingizimu Afrika luqiniswe ngenkathi kusayinwa izivumelwano zokuqala ezimbili eziphakathi kohulumeni balawa mazwe, ngenkathi kubanjwe iNgqungqthela ye-BRICS yesithupha e-Brazil ngoNtulikazi 2014.

Lezi zivumelwano yiSivumelwano Sebhange Lentuthuko Elisha kanye neSivumelwano Esisungula Isikhwama Esizobhekelela Izigameko Zokulahlekelwa Ebezingalindelekile. Amazwe asethuthukile aseNyakatho ayaqhubeka nokuba ngamazwe asemqoka abambisene neNingizimu Afrika, okwenza leli lizwe likwazi ukuqhubekisela phambili inqubomgomo yalo kazwelonke kanye neyobudlelwano balo namazwe angaphandle.

INingizimu Afrika inobambiswano olubaluleke kakhulu neNhlangano Yobumbano Lwamazwe aseYurophu (i-EU) oluphathelene noHlelo LweNingizimu Afrika Lokutshalwa Kwezimali Zokwakha Ingqalasizinda olulinganiselwa kwizigidigidi ezingu-R1,5 phakathi kokunye okuningi.

Ukuvuselelwa koMthetho Wokukhuliswa Kweminotho yase-Afrika kanye Nokuhlinzekwa Ngamathuba ukuze uqhubeke nokusebenza emva kwenyanga kaMandulo 2015 kanye nesethembiso sokusekela izinhlelo zokuthula kuleli zwekazi eziholwa ngamazwe ase-Afrika ngeminye yemiphumela yeNgqungquthela yeMelika Nabaholi Bamazwe ase-Afrika eyabanjelwa kwelaseMelika ngowezi-2014.

Ezingeni lokusebenzisana nezinhlaka ezihlukahlukene, unyaka wezi-2015 uqopha umgubho weminyaka engama-70 kwasungulwa iNhlangano Yezizwe okwenze kube nesidingo esikhulu sokuletha uguquko ku-Mkhandlu Wezokuvikela weNhlangano Yezizwe kanye nezinye izikhungo zamazwe ngamazwe.

## UKUNGCWATSHWA KABUSHA KWAMATHAMBO AMAQHAWE ESIZWE

Amathambo amaqhawe omzabalazo wenkululeko, u-Moses Kotane no-JB Marks azongcwatshwa kabusha eNingizimu Afrika ngoNdasa 2015. UHulumeni waseNingizimu Afrika uyabonga kuhulumeni nabantu base-Russia ngokubhasobha amathambo amaqhawe ethu ngesizotha iminyaka eminingi kangaka.




***"Ngalo Nyaka Womqulu Wenkululeko kanye Nokusebenza Ngokubambisana Ngenhloso Yokuqhubekisela Phambili Inkululeko Yezomnotho, sizibophezela kabusha ukuti sizosebenzela ubumbano futhi sisebenze ngokuzikhandla ukuze iqhubeke impumelelo kuleli lizwe lethu elingafelwa nkonyane,"***

***kusho uMongameli u-Jacob Zuma, kwiNkulumo Echaza Isimo Sezwe, mhla ziyi-12 kuNhlolanja 2015.***

## IZINOMBOLO ZEZINGCINGO ZOKUTHOLA USIZO

Uhulumeni uneminyango, izinsizakalo kanye nezinhlelo ezahlukahlukene ezingalekelela ekwenzeni ngcono izimpilo zabantu abasha.

| | |
|---|---|
| UMnyango Wezemfundo Ephakeme Nokuqeqesha | 0800 87 2222 |
| ISikhungo Esisiza Abafake Izicelo Zokufunda | 0860 35 66 35 |
| Inhlangano Kazwelonke Yokuthuthukiswa Kwentsha | 0800 52 52 52 |
| Inhlangano Yokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane | 0860 103 703 |
| Ukunqanda Ubugebengu | 08600 10111 |
| UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu | 0800 146 873 |
| Ukuqwashisa Ngamalungelo Omhlaba Nokumela Abaxoshwa Ngokungemthetho Emapulazini | 0800 007 095 |
| Abakwa-Eskom | 086 003 7566 |
| Isithangami Sikazwelonke Sokulwa Nenkohlakalo | 0800 701 701 |
| IGciwane leSandulelangculazi neNgculazi | 0800 012 322 |

**ISIKHUNGO SOKUCELA USIZO KUMONGAMELI:**

**17727**



## ABAQONDISI BE-GCIS BEZIFUNDAZWE

| ISIFUNDAZWE | UMQONDISI | INOMBOLO YOCINGO | I-IMEYILI |
|---|---|---|---|
| EFreyistata | Mnu.Tshenolo Mokeyane | 051 448 4504 | Tshenolo@gcis.gov.za |
| KwaZulu-Natali | Nkk. Ndala Mngadi | 031 301 6787 | Ndala@gcis.gov.za |
| EGauteng | Mnu. Peter Gumede | 011 834 3560 | PeterG@gcis.gov.za |
| ENyakatho Kapa | Mnu. Marius Nagel | 053 832 1378 | MariusN@gcis.gov.za |
| EMpumalanga Kapa | Mnu. Ndlelantle Pinyana | 043 722 4903 | Ndlelantle@gcis.gov.za |
| E-Limpopo | Mnu.Thanyani Ravhura | 015 291 4689 | Thanyani@gcis.gov.za |
| EMpumalanga | Mnu.Tiisetso Ramotse | 013 753 2397 | Tiisetso@gcis.gov.za |
| ENyakatho Ntshonalanga | Mnu. Mareka Mofokeng | 018 381 7071 | Mareka@gcis.gov.za |
| EMpumalanga Kapa | Mnu. Louis Botha | 021 697 0145 | LouisB@gcis.gov.za |



NIFW booklet- A5 - IsiZulu.indd 13 2015/03/16 3:42 PM

